# UNkulunkulu Uyaligcina IZwi LaKhe

. . . simile umzuzwana nje senzele umkhuleko.

2 Nkosi ebusisiweyo, kungezinhliziyo ezibongayo ukuthi sikhothama eBukhoneni baKho, ukuKubonga, ngokuba ukukholwa kwawobaba bethu kusaphila, esikhundleni somgodi oyitilongo, ilangabi, nenkemba. Naphezu kwakho konke lokhu, ukukholwa okukhulu okwanikelwa kokhokho bethu kusaphila kubantwana babo; futhi sijabula kakhulu ngalokho. Manje, sizoKucela ukuba usibusise ngendlela evelele kulobubusuku. Njengoba silinda ngokuzithoba izibusiso zaKho phezu kwethu, sizinikela thina uqobo nenkonzo kuWe, eGameni leNkosi uJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

3 Ngithe nje ukuba leyithi kancanyana. Ngine . . . Amaphoyisa abengibiza ngokuphuthumayo eSt. Louis.

4 UMfowethu Vayle, ngokuthi ubefuna uku—ukumvumela akhulume isikhashana kulobubusuku. Khona-ke ngiyahamba nje masinya emva kwenkonzo ngiya ekhaya lami, ukuthatha umkami nabantwana ukwenzela ikusasa, ukubabuyisa ukuba baqede izinkonzo.

5 Futhi manje, akungabazeki kodwa ukuthi owethu othandekayo, othandiweyo, uMfowethu Vayle usanda kuletha nje umlayezo omkhulu ogqamile. Futhi manje, bengingezame ukwengeza noma yini kulokho akushilo, kodwa ngaphambi nje kokubiza umugqa womkhuleko, ngingathanda ukufunda umBhalo nje futhi ngiphawule amazwi ambalwa ukuze . . . Kade ngikhathazekile impela emahoreni amabili noma amathathu edlule, ngakho-ke ngingathanda ukuthola umuzwa kaMoya kimi uqobo ngaphambi kokuba siqale ukungena enkonzweni.

6 Kusasa ebusuku, uNkulunkulu ethanda, ngifuna ukushumayela ngendaba ethi *UMnqobi OnaMandla*, selokhu Edabule iveli laba kabili. Manje, ngethembise ukukhuluma ngokuthi *Isandla Esiloba Odongeni*, kodwa ngithe ukusha iphimbo kancanyana ukuba ngishumayele, ngakho, ngifanele nje ngikweqe lokho, ngiyethemba, ngesikhathi. Futhi, ngoba ende impela, indaba yemizuzu engamashumi amane-nanhlanu kuya ehoreni, uma iNkosi ibusisa ngendlela yokuyifundisa.

7 Ngakho, anginawo umkhuhlane omubi, kungukuthi nje, bengicabanga esikhashaneni esedlule, lena yizinkonzo eziyisishiyagalombili, izimvuselelo eziyisishiyagalombili

kusukela ekuqaleni konyaka, zihamba njalo njalo. Kal'khuni impela usuku, kodwa lokho njalo ngisemhlanganweni ngishumayela, ngezinye izikhathi kabili noma kathathu ngosuku. Ngakho, kwenza iphimbo lakho libe buthakathaka kancane.

8 Emva kwalenkonzo, nginenkonzo encane nje, isikhathi esincane sokuphumula. ISonto lePhasika wusuku lwami lokuzalwa. Futhi, ake sibone, ngazalwa ngo 1909; lokho kungenza ngibe namashumi amabili-nanhlanu, noma into ethize efana naleyo, ngeSonto. Ngakho, ngingumfana nje endlini endala, kodwa, ngi. . . Lokhu ngokokuqala ukuba kufike ngeSonto lePhasika isikhathi eside. Futhi ngakho, ngizoba setabernakele lami elincane eJeffersonville, ikhaya lami, okwenkonzo yokuphuma kwelanga yePhasika. Khona-ke masinya emva kwalokho, inkonzo yombhaphathizo, bese-ke kuba ngumlayezo nenkonzo yokuphulukisa.

9 UMfowethu Neville, engiqinisekile ukuthi wethuliwe, umelusi wethu, ehlezi lapha ezethamelini zethu kulobubusuku. Manje, yiloluhlobo lwenhlanganyelo esinalo ezansi eJeffersonville: uMfowethu Neville ungumshumayeli weMethodisti, ovela e-Asbury College, futhi mina ngiyiBaptisti. Ngakho, sinenhlanganyelo enhle ngempela, asinayo yini, Mfowethu Neville? Kunjalo. NgiyiBaptisti eyemukela uMoya oNgcwele. UMfowethu Neville uyiMethodisti eyemukela uMoya oNgcwele. Ngakho, lokho kusenza abazalwane, futhi sinenhlanganyelo omunye nomunye, ngenkathi iGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, lisihlanza kukho konke ukungalungi.

10 EBhayibhelini elibusisiwe kulobubusuku, eNcwadini kaLuka, sifunda amavesi ambalwa, isahluko 2, siqala nge—ivesi 25. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

> *. . . bheka, kwakukhona umuntu eJerusalema, ogama lakhe linguSimeyoni;. . . yena . . . wayelungile futhi emesaba uNkulunkulu, elindele induduzo ka-Israyeli: noMoya oNgcwele wawuphezu kwakhe.*
>
> *Futhi kwembulwa kuye nguMoya oNgcwele, ukuba angaboni ukufa, engakamboni uKristu weNkosi.*
>
> *Wafika ngoMoya ethempelini: futhi ngenkathi abazali beletha . . . umntwana uJesu, ukumenzela isiko lomthetho,*
>
> *Wamgona, wabonga uNkulunkulu, wathi,*
>
> *Nkosi, manje vumela . . . inceku yakho imuke ngokuthula, ngokwezwi lakho:*
>
> *Ngokuba amehlo* ami *abonile insindiso yakho,*
>
> *Oyilungisile phambi kwe . . . abantu;*

> *Ukukhanya ku. . .abeZizwe, nenkazimulo* ku*bantu bakho u-Israyeli.*
>
> *UJosefa nonina bamangala nga*lezi*zinto* okwa*khulunywa ngaye.*
>
> *USimeyoni wababusisa, wathi kuMariya unina, Bheka, lomntwana u*thunyelwe *ukuwa nokuvuka kuka. . .Israyeli; nesibonakaliso esiphikwayo;*

11 Ngifisa ukuthatha imizuzwana embalwa nje manje, ukuzwa nje uMoya womhlangano kimi uqobo, walendaba: *UNkulunkulu Uyaligcina IZwi LaKhe.*

12 Kunento eyodwa esingaphumula phezu kwayo ngokuqinisekile, lokho ngukuthi, ukuthi uNkulunkulu ugcina onke amaZwi aKhe. UyaWabhekisisa, imini nobusuku, ukuba aWenze. Futhi sonke isithembiso Asenza siyiqiniso. Nalokho kusinika ithemba elibusiswe kakhulu, lapho sazi ukuthi esikufunda eZwini, uNkulunkulu, Owenele konke, uyoligcina leloZwi. Akukho nelilodwa ichashazi noma okukodwa okuncane okuyakuhluleka. Isiqiniseko esiphelele kanje pho, njengoba sifunda lapho abanye beMthathe khona eZwini laKhe, nokubona ukuthi ngezinye izikhathi kubukeka kubucayi kakhulu, kubukeka sengathi, ngezinye izikhathi, ukuthi Lizohluleka, kodwa nje Alehluleki.

13 Ngicabanga njengamanje ngabantwana bamaHeberu, ngenkathi bengena emlilweni wesithando somlilo. Kubonakala sengathi, uNkulunkulu wayezobenzela phansi, kodwa Angeke ehluleke.

14 NangoMbhalo wethu, uSimeyoni, isazi esidala ethempelini; nalawomadoda ayenodumo, nalolodumo kwakuyizinhlonipho zesizwe: Kanjani ukuthi indoda ukuba ibambe isikhundla uSimeyoni ayesibambile, ifanele ifunyanwe ingenasici, futhi ifanele ifunyanwe ikahle ngokwengqondo. Ifanele ifunyanwe iqaphile futhi ifundile, futhi isesimweni sokomoya esiphelele, ngokuba umpristi wayengenasici. Futhi lelikhehla, cishe lineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu ubudala, ngelinye ilanga uMoya oNgcwele wehlela phezu kwalo, futhi wembula kulo ukuthi lalingezukubona ukufa lize libone uKristu weNkosi.

15 Manje ungathini nje ukuthi abantu babuthatha kanjani ubufakazi balo na? Ikhehla eselilungele ukufa, futhi nokho, kwathiwa lalingezukufa lize libone uKristu. UDavide wayebheke uKristu. U-Eliya wayeMbhekile. Bonke abaprofethi babeMbhekile. Amakhosi, amakhosi amakhulu, amakhosi anamandla, namadoda amakhulu akwa-Israyeli onke ayebheke loMesiya. Futhi kwabonakala sengathi Wayekude kakhulu kunanininini. Babekhonza ngaphansi koMbuso wamaRoma; isizwe sabo sahlakazeka; ibandla lalisesimweni esibandayo. Futhi nokho ebusweni bakho konke lokhu, lelokhehla

lalinobufakazi bokuthi lalingezukufa lize libone uKristu weNkosi. Ubungacabanga nje ukuthi umfo okanye nalo wayecabangani na?

16 Sengiyabezwa nje bethi, "Ikhehla lichezukele ekugcineni okujulile, noma mhlampe, izimo zalo zengqondo ziyehluleka ngoba selilidala. Ngakho, ngeke silixoshe enhlanganyelweni, kodwa sizolivumela nje liqhume, ngoba siyazi ukuthi akusiso isikhathi sikaMesiya."

17 Kodwa uNkulunkulu ubehlala njalo enensali eyayilinde ezithembisweni zaKhe. Futhi makabongwe uNkulunkulu ukuthi Usenayo namanje kulobubusuku, elinda ezithembisweni zaKhe, futhi ephumule esiqinisekweni esifanayo, ngoba kwembulwe nguMoya oNgcwele.

18 Futhi njengoSimeyoni, engena ephuma ethempelini; nabanye abapristi abasebasha babeyothi, "Awu, ngiqagele ikhehla selithi nje alilungele ukuqhekezeka." Kodwa nokho wayazi ukuthi wayekhuluma ngani ngoba wayazi ukuthi Ubani owayekwembulile, futhi uNkulunkulu angeke asho lutho oluyiphutha. Uyaligcina iZwi laKhe.

19 Ngakho, ngalolosuku kwakungekho-msakazo, noma ithelevishini, abezindaba. Ngakho, indlela kuphela ababefanele balethe ngayo umlayezo kwakungumlomo nomlomo nje. Kodwa, ngale eJudiya, uKristu wayezelwe. Emva kwezinsuku eziyisishiyagalombili kwakuyisiko ukuthi bayoletha abantwana besilisa ethempelini ukuba basokwe; kanti futhi nomnikelo wokuhlanzwa kukamama ngokuhlanjululwa kwakhe. Umnikelo wawuphakathi kokuthi yiwundlu noma amahobhe amancane amabili. Manje, iwundlu lalingelabantu abacebile. Amahobhe ayengumnikelo wabantu abampofu.

20 Futhi kuyafezeka, ake sithi cishe, ngokunye ukusa, ngoMsombuluko ekuseni. O, kwakumatasatasa ngasethempelini. Futhi nakho kwakumi umugqa wabesifazane, bonke beshaye umugqa nezingane zabo ezincane, nsuku zonke. Ngokuba u-Israyeli wawubalelwa cishe ezigidini ezimbili ngalesosikhathi, ngakho, ungabona ukuthi bangaki abantwana abebeyozalwa ngosuku olulodwa nobusuku. Ngakho, ngosuku lwesishiyagalombili, babefanele bame kulomugqa ukuba bahlanzwe nokusokwa kwabesilisa.

21 Futhi asithathe manje, ngokuthi sifanele siphuthume, futhi sicabange ukuthi nguMsombuluko ekuseni. Futhi uSimeyoni omdala, umlingiswa wethu kulobubusuku, Into ethize yamtshela ukuba nje ahlale phansi isikhashana.

22 O, niyazi, sisheshisa kakhulu, ngesinye isikhathi besifanele sihlale phansi isikhashana nje. Siyagijima futhi sisho umkhuleko omncane wami, umama, ubaba, nabantwana; sigxume ngokushesha impela, futhi asihlali phansi lapho isikhathi eside

ngokwenele ukuba uNkulunkulu asiphendule. Senza konke ukukhuluma, futhi asimniki uNkulunkulu ithuba lokukhuluma.

23 Kodwa, uSimeyoni walinda nje; wahlala phansi ngale kwelinye lamahhovisi abapristi, wavala iminyango wase ezivalela phakathi. Futhi khona manjalo, sengiyambona efinyelela ezansi e—esitendeni esincane, wayesecosha umBhalo.

24 Niyazi, uMoya oNgcwele uzondla ngeZwi. UJesu wathi, "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngawo wonke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Yileyo indaba, enye yezinto, namhlanje, eyenza ibandla libe sesimweni salo sokushodelwa yigazi, yingoba alithathi isikhathi ukuzondla ngeZwi. Ibandla lilambile.

25 Ukuba bengingudokotela, nendoda enkulu ebukeka iqatha iza kimi, yayisithi, "Mnumzane, ngiyagula."

Bengiyothi, "Ziyini izimpawu zakho na?"

Ibiyothi, "Ngibuthakathaka kakhulu, angikwazi neze ukuphakamisa izandla zami."

Awu, bengiyothi . . . ngiyibuze izimo ezimbalwa zomzimba.

"Yebo, lokho kulungile."

Futhi bengiyothi, "Awu, mnumzane, ngabe ubudla njalo njalo na?"

"O," ibiyothi, "Ngidla uhhafu wekhekhe elihashukile kuthangi."

Awu, bengiyothi, "Ulambile nje. Udinga amandla, futhi udinga ukudla."

26 Yileyo indaba ngebandla: ufunda umBhalo nje, ivesi elilodwa elincane ngeSonto ekuseni. Besifanele sibe nekhanda lethu eZwini laKhe yonke imizuzu esifanele siyichithe! Futhi sithathe, izikhathi eziningi, futhi sibeke enye into ethize eceleni ukuba sifunde leloZwi. "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

27 Futhi wacosha umBhalo ogoqwayo, mhlawumbe uMbhalo ka-Isaya, futhi uqala ngale cishe ngo 9:6. Futhi sengiyambona lapho eqala ukufunda. Futhi Ufundeka into ethize enjengale: "Sizalelwe uMntwana, siphiwe iNdodana: nombuso uyakuba semahlombe aKhe: neGama laKhe liyakuthiwa uMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onamandla, noYise ongunaphakade."

28 Futhi sengiyambona umprofethi, njengoba yena, noma, umpristi, njengoba ethe, "O, ngiyamangala ukuthi Ubani Abengaba ukhuluma ngaye." Khumbulani, uSimeyoni unesithembiso.

29 Futhi cishe ngalesosikhathi phandle esakhiweni, uMesiya wangena esakhiweni. Uma uNkulunkulu enza isithembiso kuSimeyoni, uNkulunkulu ufanele agcine lesosithembiso kuSimeyoni.

30 Futhi bashaya umugqa. Futhi ngiyaqaphela lapho beshaya umugqa, kukhona, o, amanenekazi nezingane zawo ezincane, amanenekazi acebile; izingane ezincane zesilisa nomsiko omncane ol'hlaza s'bhakabhaka, amabhuzu amancane, nezigqoko ezincane; namantombazanyana ekokuphinki kwawo okuncane. Futhi ayenamawundlu amancane amhlophe ukuba anikele ngawo. Futhi ayexoxa elinye nelinye njengoba nje amanenekazi engenza.

31 Futhi ezansi le ngomugqa, ngibona ukubona okubukeka kuxakile: intombazanyana, engengaphezu cishe kweminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, imi neNgane encane ezingalweni zayo. Futhi Ayinawo amabhuzu amancane aluhlaza sasibhakabhaka. Isongwe ngembeleko.

32 Manje, uma ngiqonda ukuthi iyini imbeleko, yilokho abakubeka ngemuva kwejoka lenkabi ngenkathi belima ngayo. Futhi Yayingenazingubo zokugqoka ngenkathi Izalwa. Futhi singobani-ke thina na? Kodwa, iNkosi yeNkazimulo yadingeka ingene esimweni esinjalo: hhayi egumbini lasesibhedlela elihle, kodwa esitebeleni; futhi kungekho zingubo zokuYigqokisa. Bese-ke siyakhononda.

33 Futhi nansi Yayilapha nembeleko. Akusikho lokho kuphela, kodwa sengiyababona abesifazane abacebile bethi, "Awusho, ungami eduze kwaleyontombazane. Ungazihlanganisi ngalutho nayo, ngokuba leyongane yazalwa ngaphandle kwefindo lomshado. Ingumntwana wesihlahla."

34 Kuthi nje akufane abakushoyo namhlanje ngomKristu wangempela ongeke wabekezelelana nenye yenkolo yabo eyenziwe ngumuntu. Bathi bazalwa ngaphandle kwefindo lomshado ongcwele. Kodwa uMariya wayazi ukuthi leyoNgane yayingekaBani; wayazi ukuthi yini, isizathu salokho kuzalwa.

35 Futhi yonke indodana nendodakazi kaNkulunkulu ezelwe ngokusha, nakuba ungahle ufanele ubizwe ngamagama amabi, njengohlanya, noma umgingqiki ongcwele, noma into ethize efana naleyo, kodwa uma ngempela wazalwa ngoMoya kaNkulunkulu, akunandaba ukuthi lonke izwe licabangani. Bangahle bathi ungahle ungakhaliphi noma okuthize.

36 Kodwa uMariya wayazi ukuthi yini, ukuthi leyoNgane yayingekaBani, ngakho akazange nje abalalele. Mabasho abakufunayo. WayeYishaya esihlathini ngomunwe wakhe, lapho umlomo waYo omncane ongenamazinyo wawusineka. Ingahle ingagqoki njengazo zonke ezinye.

Kodwa, O Nkulunkulu, ngingathanda ukuthatha indawo yaYo.

37 Futhi Yayilapho-ke. Niyabo, uMoya weqiniso kaNkulunkulu awukaze wemukelwe yilelizwe, futhi Awusoze. Kuhlala njalo kuwuhlobo lokudumazeka, sengathi Kunethunzi elincane noma okuthize.

38 Awu, uma uMesiya wayesethempelini, noSimeyoni wayenesithembiso, khona-ke uMoya oNgcwele ubophezelekile ukuletha uSimeyoni esiThembisweni. Malibongwe iGama laKhe! Futhi yena, khona manjalo, ngenkathi esafunda emBhalweni, ngiyamuzwa uMoya oNgcwele uthi, "Simeyoni, beka iBhayibheli lakho imizuzu embalwa futhi uNgilandele: kukhona umhlangano oqhubekayo; Ngifuna uwethamele; kungahle kungabi yihlelo lakho, kodwa kukhona okwenzekayo; Ngizokukhombisa Okuthize."

39 Awu, amadoda kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu. UNkulunkulu uhola abantwana baKhe ngoMoya waKhe. Futhi lapho uNkulunkulu enza isithembiso sesiphiwo, uNkulunkulu ukhuluma kubantwana baKhe ngaleyo ndlela, ngoba i—isiphiwo singeseBandla, noKristu wathunyelwa eBandleni.

40 Futhi uSimeyoni wayenesithembiso. Futhi uMoya oNgcwele. . . Qaphelani, nangu eza, engazi impela ukuthi wayeyaphi, kodwa wayesendleleni yakhe nje. Yileyondlela amaKristu angempela aholwa ngayo. Uma uNkulunkulu ethe yenza okuthize, qhubeka futhi ukwenze.

41 Ezansi eningizimu, ngesinye isikhathi kwakukhona u—umuntu omnyama omdala owayeyithanda ngempela iNkosi, futhi walikholwa lonke iZwi. Nobasi wakhe wathi kuye ngesinye isikhathi, wathi, "Bekungenzekani uma uNkulunkulu esho okuthize nge. . . " noma, wathi, "Uliphatheleni—leni leloBhayibheli na?" kuqala.

Wathi, "Basi, ngiyaLikholwa."

Wathi, "Awukwazi ukufunda," wathi, "awu, uLiphatheleni na?"

Wathi, "NgiLiphethe ngoba ngiyaLikholwa kusukela ekhaveni kuya ekhaveni." Futhi wathi, "Ngiyayikholwa ikhava, nayo," wathi, "ngoba Inokuthi 'IBhayibheli eliNgcwele' kuLo, omunye uyangitshela. Futhi ngiyazi ukuthi Lingehluleke ngokuba LiyiSithembiso sikaNkulunkulu."

Wathi, "Uyakholwa ukuthi Uyozigcina zonke lezozithembiso na?"

Wathi, "Impela ngiyakholwa kakhulu!"

Wathi, "Ukuba-ke uNkulunkulu ubengakutshela ukuba ugxume udabule kulolodonga lwamatshe na? Ubuyokwenzenjani na?"

Wathi, "Bengiyogxuma."

Wathi, "Ubungadlula kanjani kulo, uma kungekho-mbobo kulo na?"

Wathi, "Uma uNkulunkulu engitshele ukuba ngigxume, Ubeyoba nembobo ngenkathi sengifika lapho." Kunjalo. UNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe!

42 USimeyoni uyaphuma, eqalaza esakhiweni. Wayengazi nje ukuthi uzoyaphi, kodwa wayehamba. UNkulunkulu wenza isithembiso; kukuNkulunkulu ukugcina isithembiso. Uma uNkulunkulu ekwethembise ukuphulukiswa, akwenzi mehluko ukuthi uzizwa kanjani, qhubeka nje uhamba. Yena uzoba nakho, ngesikhathi nje. Wenzela abantwana bamaHeberu. Ukwenzela zonke izithembiso zaKhe.

43 Nangu eza, ehamba edabula esakhiweni, engazi lapho ayeya khona. Khona manjalo, wabona lolohide olude lwabesifazane, naleyo encane, enamahloni, intombazane enamahloni imi lapho nomyeni, iphakathi nendima yempilo, nabanye abantwana abane; eyibuka, lapho ibambe leNgane, encane, esongiwe, imbeleko, iYisongile; noMoya oNgcwele wathi, "Yehlela lapho, Simeyoni."

44 Akazange ayibuze iNkosi. Wavele waqala ukuhamba nje. Ngani na? Omunye ubeyobuza, kodwa khumbulani: ngaphambili, wayekade ekhuluma noMoya oNgcwele; noMoya oNgcwele wawuphezu kwakhe; futhi lapho uMoya oNgcwele ufika phezu komuntu, akabe esabuza, nhlobo, uyahamba nje futhi enze lokho uMoya athi akwenziwe. Ngoba wayeyazi imiBhalo, kwase kuyisikhathi saYo ukuba igcwaliseke; ngakho wayengokomBhalo, futhi wayekahle ngandlela zonke.

45 Futhi uyehla ngomugqa, uze ufika kulokhu ukubona okudabukisayo. Ungathini nje? UMdali kuso impela isakhiwo Asenza, futhi engenazo ngisho izingubo ezenele ukubukeka ehloniphekile; wadingeka athathe imbeleko entanyeni yenkabi.

46 NoSimeyoni wehla. Wathi nje angabuka ebusweni baleNgane, wafinyelela kulezo zingalo zikamama omncane wayesethatha uMfo omncane, nezinyembezi zehla entshebeni yakhe emhlophe, waMphakamisa, wayesethi, "Nkosi, manje inceku yaKho mayimuke ngokuthula, sekulungile manje: ngokuba amehlo ami abonile iNsindiso yaKho."

47 Kwakuyini na? Lokho wonke omunye umuntu ayekuhleka, lokho wonke umuntu owayehlekisa ngakho, uSimeyoni waKuqonda ngoMoya oNgcwele ukuthi kuyiSithembiso sikaNkulunkulu. Awudingi ukuba ube yimpumputhe ukubona lokho, noma wazi ukuthi ngikhuluma ngani. Lokho izwe elikubiza ngobuwula yiCebo likaNkulunkulu leNsindiso ukuthatha iBandla liye eNkazimulweni.

48 "Inceku yaKho mayimuke ngokuthula: ngokuba amehlo ami abonile iNsindiso yaKho." Futhi wathi kuMariya, wathi, "LoMntwana wathunyelwa (kuwe, ukugwaza inhliziyo yakho uqobo) ukuze imicabango yabaningi yaziwe, ibonakaliswe."

49 Futhi qaphelani, kinina, bangane bami abangamaJuda, futhi nginoyedwa engisanda kuhlangana naye namhlanje, ohlezi lapha esihlalweni esingaphambili, noma, ngemuva nje kukaMfowethu Kidd, iJuda laseRashiya, inhliziyo yami iya kwa-

Israyeli, ngokuba akusekude manje: Usuku lwabo luyaqhakaza. Ilanga liyakhuphuka. INkanyezi endala enemicijo eyisithupha kaDavide ilenga phezu kweJerusalema, kulobubusuku, ifulege elidala kunawo onke emhlabeni; futhi okokuqala bebeyisizwe iminyaka engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu. Umkhiwane uyahluma. AbeZizwe sebephelile. E-hhe. Sekuthi akuphele nje.

50 O, bengingathanda kanjani ukuhlala kuze kube phakathi nobusuku kulokho. Usuku ababa ngalo yisizwe, lona lelohora baba yisizwe, ngingakwazi, iNgelosi yeNkosi yayisemuva lapho iqinisekisa lenkonzo kimi, ngalo kanye ihora elifanayo, ngingakwazi.

51 NgangiseCairo maduze nje, ngingena. AmaJuda afuna izibonakaliso. Athi, "Uma Lona kunguMesiya, mangiMbone enza isibonakaliso sokuvuka kwaKhe. Sizokukholwa."

52 Kodwa uMoya oNgcwele wathi, "Hhayi manje." Ngakho, ngaphenduka ngase ngibuyela eMars Hill, ngase-ke ngehlela eVatican. O, sisekugcineni.

53 Futhi qaphelani ukuthi kwenzekeni. Wathi, "Lesi yiSibonakaliso. LoMntwana uthunyelelwe ukuwa nokuvuka futhi kuka-Israyeli; ukuwa nokuvuka futhi. NalesiSibonakaliso kuzokhulunywa kabi ngaso. Ububi buzokhulunywa kuphikisane nalesiSibonakaliso."

54 Qaphelani. O, zonke ezinye zazo zazixoxa, futhi, "Halo, Dkt. L. abaphindeke kabili no D. Jones. Uzoza futhi ube nenkukhu nathi okwedina na?" "O, Rabi Levinski, unjani?"

55 Kodwa, emuva le ngale ekhoneni, ngakolunye uhlangothi lwethempeli, kwakuhlezi omdala, umprofethikazi oyimpumputhe; wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nane ubudala. Futhi wayengumprofethikazi. Futhi wahlala ethempelini futhi wakhuleka. Ngawo kanye lowomzuzu, uMoya oNgcwele ufika phezu kwakhe; futhi nangu eza, ephuphuthekile, edlula kubantu ababenokubona okuhle, kodwa eholwa nguMoya. Ehamba ezungeza ibli-. . . i . . . bonke abagqoke kahle, nokubona kahle kwamehlo, futhi ehamba edabula lapho. Wayekwazi ukubona okungaphezu kwalokho ababengakubona, ngokuba wayeholwa nguMoya. Wathubeleza esakhiweni waze wafika eMntwaneni, futhi lapho wanikela izindumiso kuNkulunkulu ngaYe.

56 Mngane, lowoMoya oNgcwele ofanayo ulapha kulobubusuku. Abekho oMoya oNgcwele ababili, Munye kuphela. Futhi nifundile eBhayibhelini lapho uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade. Isithembiso ngesenu nesabantwana benu. NiMkholiwe ngokuphulukiswa ngokukaNkulunkulu.

57 Futhi lowoMoya oNgcwele ofanayo eniwethembile kuyo yonke leminyaka uniholele ezweni lonke,

nidabula ekushushumbeni kweqhwa, ezansi enkungwini, ngasemakhoneni, ezansi ezitaladini, kuze kuthi ekugcineni sesingene eBukhoneni, kulobubusuku, bukaMoya oNgcwele ofanayo owenza izithembiso lapha kulobubusuku, ukugcwalisa yonke into Ayethembisa, ngoba uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe, kungakhathaleki. Uzokwenza umsebenzi. Uzokhombisa isibonakaliso. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa na?

58 O, ngifisa sengathi besinesinye isikhathi esincane, kodwa asinaso. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje senzele umkhuleko. Bangaki phakathi lapha, kulobubusuku, okholwayo ukuthi uholwe ngokobuNkulunkulu kulelihholo elikhulu lesikole, uMoya oNgcwele ofanayo ukuholele lapha na? Lokho kuhle. Angazi noma bakhona yini abanye lapha, kulobubusuku, ongazizwa ekahle kangako emphefumulweni wakho na? Uzizwa sengathi uJesu ubengabonakala kulobubusuku, ubuyozizwa ungafanelekile, kancanyana, ukuma eBukhoneni baKhe; futhi ungathanda ukuba Yena akukhumbule manje, futhi akuthethelele izono zakho. Ningaziphakamisa izandla zenu na? O, he, ayikho indlela yokuzibala.

59 Mngane oyisoni, ngiyamangala kulobubusuku, nakuba uyisoni, awukaze wenze ukuvuma, kodwa ukholwa ngeqiniso, ngaphambi kokuba uMbone enza into eyodwa, uyakholwa ukuthi uMoya oNgcwele ukuholele lapha kulobubusuku. Beningaziphakamisa izandla zenu nenzele umusa na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Wena, nenekazi. Wena. Lokho kuhle.

Phezulu kovulandi abasesitezi ngakwesokudla na? O, uNkulunkulu akubusise ngalapho. Kunjalo. Esesishiyagalombili, eseshumi.

Phezulu le kuvulandi osesitezi wesibili. Phakamisa isandla sakho bese uthi . . . Yebo, uNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, emuva lapha. Lokho kuhle.

Ovulande abasesitezi ngemuva, ningaziphakamisa izandla zenu na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. Busiswa phezulu lapho, le esiqongweni, nejezi elibomvu, yebo, busiswa. Ovulandi abasesitezi . . .

Uvulandi osesitezi wesibili ngakwesokunxele sami, uNkulunkulu akubusise phezulu le phakathi lapho. UNkulunkulu uyasibona isandla sakho.

Uvulandi osesitezi phansi ngakwesokunxele, phakamisa isandla sakho.

60 "Nkulunkulu yiba nomusa kimi," yisho, lapho uphakamisa isandla sakho, "Ngiyakholwa. Ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele ungiholile." UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Lokho kungahle ukuba kuthathe isibindi esiningi ukwenza

lokho, mnumzane, kodwa kuyinto enkulu kunazo zonke owake wayenza.

61 Iphansi ngakwesokunxele sami, ungasiphakamisa isandla sakho kuKristu na? Thana nje, "Nkosi Nkulunkulu, yiba nomusa kimi; ngikholwa ukuthi ngiholwa ngokobuNkulunkulu lapha kulobubusuku, nguMoya oNgcwele." UNkulunkulu akubusise. Kwiphansi ngakwesokudla? UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle.

62 Manje, ngaphambi kokuba senze ukubizela e-altare, asibize umugqa womkhuleko. Kodwa asikhuleke, kuqala, ukuthi uNkulunkulu uzobusisa lababantu.

63 Bangaki abangathanda ukuba nenhlanganyelo ethe nje ukusondela kakhudlwana naYe, ukuthi ubungezwa ukuthi uMoya ukuhola njengoba Wenza kuSimeyoni, futhi Uzokuletha ekugcineni esifubeni saKhe na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? O, nje. . .Ngiqagele kunezinkulungwane ezimbili noma ngaphezulu, izinkulungwane ezintathu. Asikhuleke. Manje, Mcele nje ngendlela yakho uqobo.

64 Nkosi Nkulunkulu, Wena unguNkulunkulu wethu. Futhi sijabula kakhulu ukuthi Nguwe kuphela uNkulunkulu weqiniso nophilayo.

65 Baningi onkulunkulu emhlabeni namhlanje. Abanye babo ngunkulunkulu wenjabulo; abanye bangunkulunkulu wenyama. Benza kakhulu noma iyiphi injabulo yezwe unkulunkulu. Futhi kukhona onkulunkulu bamanga, kodwa kuphakathi kokuthi abakhulumi noma bangakhuluma. Abakwazi ukucabanga. Abakwazi ukuphendula. Bangakhonzwa kuphela yilabo abahamba ngokungazi ngoNkulunkulu weqiniso nophilayo.

66 Sinenhlanhla kulobubusuku, thina, esidlulile ekufeni sangena ekuPhileni, ukwazi ukuthi uNkulunkulu wethu uyaphila. Futhi Akasiso isithulu, kanjalo Akasiso isimungulu. Isandla saKhe asisifushane kakhulu, kodwa ukuthi Angafinyelela phansi futhi asinike noma yisiphi isibusiso esincane esiyosifisa; ngokuba Uyasigcina isithembiso saKhe. UnguNkulunkulu ongakhuluma, noNkulunkulu ongaphendula, noNkulunkulu Ogcina iZwi laKhe.

67 Manje, sizocela, kulobubusuku, Nkulunkulu othandekayo, ukuthi Uzobusisa labo abaphakamise izandla zabo njengezoni. Abanye bangahle babe. . .O, bengingeke ngazi, Baba, ukuthi ngingasho kanjani ukuthi bangaki, ngokuba angazi, kodwa Wena uyabazi bonke.

68 Futhi mhlawumbe lesi yisikhathi sokuqala ukuba baze babe komunye wemihlangano, kodwa banelisekile khona manje ngeZwi, ukuthi uMoya oNgcwele ubaholile. Basindise, Nkosi.

69 Futhi ngikhulekela labo ofuna ukugcwaliswa kakhulu ngoThando lwaKho baze bangakugeji ukuhola kukaMoya

oNgcwele, lapho Ebadonsa. Ngokuba izinsuku zimnyama, namadoda agijima eya emuva naphambili ukuzwa iZwi likaNkulunkulu, njengoba umprofethi athi ayokwenza, futhi ayohluleka ukuLizwa. Sibonga kakhulu ngomfantu omncane enqolobaneni kaNkulunkulu, nokho.

70 Futhi siyakhuleka, manje, ukuthi UzoZibonakalisa emandleni okuvuka kwaKho, ebukhoneni beBandla laKho. Ngcwelisa inhliziyo yami, umphefumulo wami, noMoya wami. Futhi ungcwelise inhliziyo, umphefumulo, nomoya walezizethameli, ukuze thina ndawonye sijabulele inhlanganyelo yeNkosi uJesu obusisiweyo. Futhi kwangathi, khona-ke, thina, nezingalo eziqinile zokukholwa, singaMsingatha, futhi silungiselele ukuFika kwaKhe. Futhi njengoSimeyoni, ethempelini, ethi, "Nkosi, inceku yaKho mayimuke manje ngokuthula: ngokuba sisibonile isibonakaliso sokuvuka kwaYo, futhi siyalangazelela ukuYibona iza." Siphe khona, Nkosi, ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, iNdodana yaKho ethandekayo. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

71 Manje khumbulani, ngiserekhodini ngalokho. Akukhomuthi othi, ophulukisa umzimba wakho. Umuthi ugcina indawo ihlanzekile ngenkathi uNkulunkulu ephulukisa. Udokotela angasusa o—okuphazamisayo, kodwa kuthiwani ngembobo ayisike kuwe ukukukhipha na? Ubani ophulukisa lokho na? Ukuphulukisa ngukukhula kwamangqamuzana okuphila. Futhi thatha izwi lami: akukho-mandla okuphulukisa kudeveli. Nomshumayeli oyosho lokho, ukhombisa ukuthi akalazi iBhayibheli, noma uNkulunkulu wakhe. UJesu wathi, "USathane akakwazi ukukhipha uSathane." AmaHubo 103:3 athi, "NgiyiNkosi Ephulukisa zonke izifo zenu." Ngabe kunjalo na?

72 USathane akakwazi ukuphulukisa. Uma uSathane engaphulukisa, angadala bese kuthi-ke ungumdali, khona-ke ungunkulunkulu. Uma engumdali, angazenzela umbuso, azenzele abanye abantu. Kungesikho ukwehluka, kodwa ngempela ngiyehluka kuDkt. DeHaan, uthisha oyisimangaliso, enzalweni yenyoka, futhi. Ukucabanga ukuthi. . .Noma uJosephus, noma, owathi amadodana kaNkulunkulu azicindezela wona angena enyameni. Mhlawumbe singafika kulokho ngaphambi kokuba sihambe. Yayingekho into enjalo. USathane angakwenza lokho, khona-ke, ungumdali. Uma engumdali, ungunkulunkulu; angazenzela umhlaba, azenzele umhlaba nezulu, angazenzela abantu, angazihlanganisi ngalutho nokukaNkulunkulu. Kodwa, uzofanele aphendukezele lokho uNkulunkulu akudalile. Nokulunga ngu. . .Ukungalungi kungukulunga kuphendukezelwe.

73 Billy, unawo onke engiwabizile emgqeni na? Leo, babhekisise emuva lapho, manje.

Bangaki ongenalo ikhadi lomkhuleko, phakamisani izandla zenu, futhi ufuna uNkulunkulu akuphulukise na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

74 Umngane olungileyo, uMfowethu noDadewethu Kidd, behlezi lapha, khona lapha esihlalweni esingaphambili. Kanti futhi, lomfowethu omncane ongumJuda lapha, uJoseph, ebenginaye kulokhu ukusa. NoMfowethu Neville, noMfowethu noDadewethu Wood, behlezi khona emuva lapha, cishe izindlela eziphakathi nendawo.

75 UMfowethu Wood wayenguFakazi kaJehova. Babenomfana okhubazekile, imilenze ifinyele, uvendle. Futhi emhlanganweni uMoya oNgcwele waphendula, waqhubekela phambili kunalokho lesisakhiwo siside. Wathi, "Indoda ehlezi emuva lapho . . . " futhi wamtshela ukuthi babengobani nakho konke ngakho. Umfana uphulukisiwe. Akazi ngisho nokuthi yimuphi umlenze ayekhubazeke kuwo, manje. Ngabe kunjalo, Mfowethu noDadewethu Wood na? Phakamisani izandla zenu uma lokho kunjalo. Nakho-ke.

Sinobufakazi obuthize nje obukhulu beNkosi. Asinaso nje isikhathi sokukwenza.

Kulungile, manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela nje. Khulekani, manje. Manje, imizuzwana ethi ayibe mibili elandelayo . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

76 . . . iJuda nowokuqala, umphikinkolo, wase-ke ephendukela eNkosini kamnandi. Uyakukholwa lokho ukuthi kuyiqiniso na? Uyakholwa ukuthi uJesu unguMesiya na? Impela, uyakholwa. Amen. UNkulunkulu akubusise.

77 Manje, lesi kungahle kube yisikhathi sakho sokuqala. Nakhu engithemba ukuthi uye nakho kubantu bakini, ngolunye usuku, kwa-Israyeli.

78 Ngokuba wena uthi, "Mfowethu Branham, ubonakala uqiniseke kakhulu ngawe." Nginjalo ngoba ngiyazi Ulapha, futhi Wenza isithembiso, hhayi mina. Akukho kimi ukugcina isithembiso sami; nguYe ukugcina isithembiso saKhe. Vele uMfake ekuvivinyweni.

79 Manje, uma iNkosi uJesu izokwenza futhi yenze into efanayo Eyayenza kuJohane oNgcwele isahluko 4, phakathi koWesilisa nowesifazane, nizojabula nonke futhi nazi ukuthi uJesu uvukile kwabafileyo, futhi Usebandleni labeZizwe, kulobubusuku, enikeza isibonakaliso saKhe nesimanga, ngaphambi nje kokuvala kwaKhe kwabeZizwe, nizokukholwa na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

80 . . . Hhayi kulesisifundazwe, noma kulelidolobha elincane; uvela kwelinye idolobha elikhulu, futhi ungowaseKentucky. Nedolobha elikhulu ovela kulo yidolobha elikhulu elibizwa ngeBrooksville, eKentucky. Igama lakho lokuqala ngu-Ella.

Isibongo sakho nguTodd. Ulapha ngenxa yokuthi uhlushwa yisimo sokwethuka, futhi unenkathazo yenhliziyo, futhi unomfutho wegazi ophakeme; ngoba ngibona udokotela egaxa into ethize engalweni yakho. Akusikho lokho kuphela, kodwa ngikubona unomfana, uzama ukumqondisa endlini. Umfana uyindodana yakho, futhi unesimo sengqondo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI UNKULUNKULU. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . Into ethize lapha ekwaziyo. Uyakholwa ukuthi Ukunike isicelo sakho na? Ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke hamba futhi ukwemukele. Ungaba nakho konke okucelayo, uma nje uhamba ukholwa. [Akuqoshwanga eteyipini.]

81 Sawubona, mnumzane? Siyizihambi komunye nomunye, ngiyacabanga. Uma kunjalo, sizovele siphakamise izandla zethu na? Manje, nantu udaba olufana nangenkathi uFiliphu ehamba futhi wafumana uNathanayeli. Yindoda. Uma iNkosi uNkulunkulu izongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, noma into ethi ayifane naleyo, uzokholwa futhi ukwemukele na?

82 Inkathazo yakho enkulu, mnumzane, yisimo sokwethuka. Lesosimo sokwethuka sinesisu sakho sonke sikhathazekile. Kanti futhi, unenkathazo emhlane wakho nasekhanda lakho. Yiqiniso lelo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ungowasedolobheni elithiwa iHamilton, e-Ohio. UnguMnu. Parker. Kunjalo. Igama lakho lokuqala nguHarding; Mnu. Harding Parker. Buyela ekhaya, uJesu Kristu ukuphulukisile.

Manje sinda, eGameni leNkosi uJesu.

83 Siyizihambi komunye nomunye. INkosi uNkulunkulu isazi sobabili, eBukhoneni baYo manje simile. Uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela ukuthi yini oyizele lapha, uzoYikholwa na?

84 Okokuqala, unesimo sokwethuka futhi yi . . . une—isimila entanyeni. Ngaphandle kwalokho . . . Uyabo, angikwazanga ukukubona. Kungaphansi kwesiketi sakho. Awu, ukuze wazi ukuthi ngiyinceku yeNkosi, unenkathazo yenhliziyo, futhi. Lelo yiqiniso. Futhi ukhathalele omunye umuntu omkhulekelayo, futhi lowo yindodana yakho. Futhi leyondodana, awazi ukuthi yini engalungile ngayo, kanjalo nodokotela akazi. Kodwa ithola amalumbo okugula ngempela, igula ngempela. Odokotela ufuna ukukhipha amathansela ayo, kodwa uthe ukuba manqikanqika kancane ngalokho, ngoba ngempela, ngamajaqamba emizwa okukubangelayo. Ungesabi, izodlula kukho. Hamba.

Futhi eGameni leNkosi uJesu, kwangathi Angakupha khona.

85 Siyizihambi komunye nomunye. INkosi uNkulunkulu iyakwazi ngempela. Awusuye owakulelizwe, futhi. UngowaseKentucky. Futhi uhlushwa yinkathazo yesisu. Nawe unenkathazo yenhliziyo. Futhi unenkathazo yendlala yegilo, njengamathumba amancane emphinjeni. Uyalikholwa iZwi

leNkosi na? Uyakholwa ukuthi umi eBukhoneni baYo na? Khona-ke, Yemukele njengoMphulukisi wakho, futhi uhambe ngendlela yakho, futhi uphulukiswe, eGameni leNkosi uJesu.

86 Siyizihambi komunye nomunye. Angikwazi. Kanjalo awusuye owakulelizwe. UngowaseMichigan. Futhi awukho lapha ngesingawe. Ulapha ngomunye umuntu, okuyindoda. Ngumshana wakho futhi useMichigan. Futhi nje ube nokuhlinzwa; nokuhlinzwa bekuyihlule legazi. Nodokotela bahlinzele ihlule legazi, futhi kucishe impela kwamenza wangabi-nasizo futhi ufuna ngimkhulekele. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Ungangabazi, uzophuma kukho. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

87 Woza. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Ngiyisihambi kuwe. UNkulunkulu uyakwazi, mina angikwazi. Uhlushwa yisimo sokwethuka. Lesosimo sokwethuka kungenxa yendlala yabesifazane ephazamisekile. Lelo yiqiniso impela. Ukuze wazi ukuthi ngiyinceku yeNkosi futhi akusimina okhulumayo, nakuba kungesilo . . . iphimbo lami: Wena futhi, unendodana okhathazeke ngayo. Leyondodana ibe nokuhlinzwa. Lokho bekusethanjeni elingemuva kwendlebe. Futhi sebelungele ukuhlinza futhi. Beka leloduku phezu kwayo, futhi ungangabazi, futhi izosinda.

Uyakholwa na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi nje. Uma ukholwa.

88 Ucabangani, uhlezi lapha esihlalweni lapha na? Indoda, ingibuka lapho, ifake izibuko, ukuthi owesifazane uyadlula: Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho na? Uma siyizihambi omunye komunye, phakamisa isandla sakho. Kulungile, ungadlula esifweni sakho samathambo manje. Niyabo?

Ngifuna izethameli zibuke ngapha futhi zikholwe.

89 Indoda ehlezi eceleni kwakho lapho, ngibona umbhede wasesibhedlela noma okuthize kwenyuka; ngase, indoda ehlezi eceleni kwakho. Kukhona umbhede omhlophe. Yahlinzwa. Kwakusesiswini sayo. Kunjalo, mnumzane. Wena, ohlezi eduze kwayo. Lowo ngumkakho ohlezi eceleni kwakho, ngoba ngiyanibona nihlangana ndawonye. Kunjalo. Futhi uhlushwa yinkathazo yenhliziyo. Kunjalo impela. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye lapho, indoda nomfazi.

O Nkosi Nkulunkulu, udeveli ucabange ukuthi ubengazedlulela ngalokho, kodwa ngiyamkhuza udeveli.

Phuma kubo, eGameni leNkosi uJesu.

90 Lapha, khona ngapha. Nanti inenekazi. Liyakhuleka. Awuwuboni lowoMoya, lokho kuKhanya kulenga phezu kowesifazane na? Uyakhuleka futhi u . . . unenkathazo

yabesifazane, unenkathazo yenhliziyo, unamalumbo esiyezi. Unomuntu ongalungile lapho, umzuzu nje. Lapha, awume kancane. Igama lakhe nguPauline Shepherd. Sukuma, Nkosazana Shepherd, futhi uphulukiswe eGameni leNkosi uJesu.

O, ungaMngabaza na?

91 Emuva le, ohlwini olungaphandle, kukhona inenekazi elihlezi lingibuka. Linesimo sokushodelwa yigazi. Uyakholwa, dade, iNkosi uNkulunkulu iyakuphulukisa kulesosimo sokushodelwa yigazi okhuleka mayelana naso na? Kulungile, phakamisa izandla zakho. Nakho-ke.

Emuva le ngasemuva, ukuze wazi, ngemva kwakho nje yinenekazi elihlushwa yinkathazo yamathumbu. Sukuma.

92 Kulungile. Inenekazi ngaleya nje kwalokho liyagula, emuva le ngasemuva, linenkathazo yesisu. Sukuma, nenekazi, emuva lapho futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho, ufake isigqoko esincane nophaphe ohlangothini lwaso, into. Uphulukisiwe. UJesu Kristu uyakusindisa.

Ngiphosela inselelo lezizethameli, eGameni elithandekayo leNkosi uJesu.

93 Ucabangani uhlezi lapha, ntombi na? Unenkathazo yenhliziyo nesithuthwane. Uyakholwa ukuthi iNkosi uNkulunkulu izokusindisa na? Uma ukholwa, phakamisa isandla sakho. Kulungile, ungaba nakho, ikhanda elincane elibomvu. Kukholwe!

94 Kuthiwani ngalapha na? Bukani lelinenekazi elihlezi lapha likhuleka libhekise ikhanda lalo phansi, liphakamise isandla salo, ligqoke ijakhethi encane ebomvu. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Unenkathazo ngentamo yakho nangomhlathi wakho. Sekusukile kuwe manje. Ungaya ekhaya futhi uphile.

Kholwa eNkosini uJesu Kristu. Bangaki kini . . .?

Kuthiwani ngawe osesihlalweni esinamasondo lapho na? Nina nonke, nizoKukholwa na?

95 Kuthiwani ngani nonke na? Nizokukholwa na? Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, futhi nizobona uMbuso kaNkulunkulu ufika phezu kwenu. UMoya oNgcwele uniholele lapha. Sukuma ume ngezinyawo zakho, manje. Nika uNkulunkulu udumo nenkazimulo.

96 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, thumela uMoya waKho, futhi uphulukise lonke leliqembu.

Sathane, uhluliwe: uxoshiwe, eGameni leNkosi uJesu.

